Indlela Yokuthuthukisa Imithandazo Yakho

Leli khasi lomsebenzi lizokusiza uhlole indlela oxhumana ngayo noNkulunkulu.

OKUSHOYO LAPHO UTHANDAZA

Ingabe uvame ukusho into eyodwa njalo lapho uthandaza?
Uma kunjalo, zama lokhu okulandelayo:

Bhala izinto ezintathu ongathanda ukubonga ngazo.

1. _____
2. _____
3. _____

“Lapho ngibonga uJehova ngizizwa ngimthanda nakakhulu, ngoba kugcina ingqondo yami igxile ezintweni ezinhle angenzele zona. Lokho kwenza ngibe nezizathu ezengeziwe zokumbonga.”
—UJeanette.

Manje, bhala izinto ezintathu ezikukhathazayo.

1. _____
2. _____
3. _____

“Njengoba ngangithululela isifuba sami kuJehova, ngazizwa ngiba ngcono futhi ngezwa eba umngane oseduze nakakhulu kimi.”
—UKiara.

Bhala amagama abantu abathathu obaziyo ababhekene nezinkinga.

1. _____
2. _____
3. _____

“Kuyinto enhle ukuthandazela abafowethu abahlala kwamanye amazwe noma othile ohlala endaweni esikuyo obhekene nobunzima.”
—UShelby.

Usubale izinto ezingu-9 ongazisho lapho uthandaza!

Icebiso: ***“Kuyasiza ukubhala phansi izinto ofuna ukuzithandazela, bese uzibheka ngaphambi kokuthandaza. Ngokuhamba kwesikhathi, zizokwanda izinto ongazisho kuJehova futhi kuyoba lula ukuthandaza.”***
—UCiara.

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

INJANI IMITHANDAZO YAKHO?

Kulezi zinto ezilandelayo, iyiphi oyithola ingelula lapho uthandaza?

UKUVEZA IMIZWA YAKHO
(Bheka eyamaHebheru 5:7.)

UKUTHANDAZA NJALO
(Bheka eyoku-1 Thesalonika 5:17.)

UBUDE BOMTHANDAZO
(Bheka eyoku-1 Samuweli 1:12.)

Yimuphi umgomo ongazibekela wona?

“Ngezinye izikhathi ngizwa sengathi imithandazo yami ‘ayisho okutheni.’ Kufanele ngizame kanzima ukuze ngitshele uJehova indlela engizizwa ngayo ngempela.”—ULauren.

Engifisa ukukwenza: _____

_____

_____

_____

_____

“Siyasithola isikhathi sokuthumela imiyalezo noma sokufonela abangane bethu. Kodwa ukuxoxa noJehova kungazuzisa kakhulu. Kufanele kuze kuqala.”—U-Alana.

Engifisa ukukwenza: _____

_____

_____

_____

_____

“Kuhle ukungajahi lapho sithandaza, ngoba lokho kusenza sikwazi ukukhipha konke okusenhliziyweni yethu.”—UTeresa.

Engifisa ukukwenza: _____

_____

_____

_____

_____

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

AMACEBISO

Thandaza noma yinini

Osemusha okuthiwa uMaria uthi, “Ngisanda kubuka isibhakabhaka ngasibona sisihle kakhulu, ngabe sengibonga uJehova ngaso leso sikhathi ngendalo yakhe enhle.”

Thola indawo ethule

Osemusha okuthiwa uKimberly uthi, “Ngijwayele ukuhlala phandle bese ngithandaza kuJehova. Ukubuka nje indalo yakhe kungenza ngizizwe ngisondelene naye, kuba sengathi uphambi kwami.”

Izindawo ezithule engingathandaza kuzo:

_____

_____

_____

Funda imithandazo eseBhayibhelini

Intokazi ebizwa ngokuthi uHelena ithi, “Ngiyakuthanda kakhulu ukufunda incwadi yamaHubo. Ingenza ngibone indlela abanye abaveza ngayo imizwa yabo kuJehova, bese nami ngifisa ukwenza kanjalo.”

Imithandazo eseBhayibhelini engikhuthazayo:

_____

_____

_____

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania